**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ B.H. CELE EMCIMBINI WOKUNIKEZELA NGAMABHAYISEKILI KUBAFUNDI BASESIKOLENI AMAHLUBI SECONDARY EPHANGWENI MISSION NGASE-ESCOURT NGOLWESINE MHLAKA 1 JUNE 2006.**

**Ngiyanibingelela nonke.**

- Ngenkathi ethula inkulumo yakhe emcimbini wokuvula ngokusemthethweni iVelo Mondial International Bicycle Conference ka-2006 ngomhlaka 6 March, uNgqongqoshe wezokuThutha kuzwelonke uMnuz Jeff Radebe, wathi imibiko ye-International Bicycle Fund iveza ukuthi: “Izwe laseCuba laba ngundabuzekwayo ekuqaleni kweminyaka yo’90 ngokuqhamuka nenqubomgomo yokusetshenziswa kwamabhayisekili njengengxenye yezithuthi.”

- Nohulumeni waseNingizimu Afrika usuqale uhlelo olwaziwa nge-Shova Kalula Bicycle Transport Programme. Lapha uMnyango kazwelonke uzibophezele ngokusabalalisa amabhayisekili ayisigidi ezweni lonke esikhathini esiphakathi kweminyaka emihlanu kuya kweyishumi. Ukwengeza kulokhu, kuzodingeka bonke omasipala bahlelele ezokuthutha ngendlela ezobhekelela ukusetshenziswa kwale ntilasipoti engasebenzisi injini.

- Ngenkathi lusethulwa emphakathini uhlelo lukaShova Kalula, uNgqongqoshe kazwelonke waveza ukuthi kunemali engu-R10 million ezosetshenziswa ukunikezela ngamabhayisekili angu-19 411 ezinganeni zesikole. Sikhuluma nje namhlanje sekunamabhizinisi kaShova Kalula angu-22 asesungulwe ezifundazweni eziyisithupha.

- Ngakho-ke kungenza ngiziqhenye futhi ngijabule kakhulu namhlanje njengoba ngokubambisana ne-Airport Company of South Africa (ACSA), sizonikezela ngamabhayisekili angu-97 ahambisana nezigqoko zakhona (omakalabha) kubafundi abahamba ibanga elingaphezulu kwamakhilomitha amahlanu uma beza esikoleni Amahlubi Secondary.

- I-ACSA isibeke eceleni imali engu-R200 000 wokuqhuba lo msebenzi, kanti sesihlele ukuthenga amabhayisekili nomakalabha bakhona angu-24 518 azosabalaliswa ezikoleni ezahlukene. Mangithathe leli thuba ngiyihalalisele kakhulu i-ACSA ngaleli galelo layo bese ngigqugquzela nezinye izinhlangano ukuba zibambisane nohulumeni emkhankasweni wokuvikela ababuthaka.

- Lo mcimbi wanamuhla wenzeka ngesikhathi esibalulekile ezinganeni njengoba kuleli sonto sinomkhankaso wokuvikelwa kwezingane i-Child Protection Week. I-Child Protection Week (CPW) isinika ithuba lokuba sizinikele kabusha ekuqinisekiseni ukuthi izingane ziyakwazi ngokuphelele ukusebenzisa amalungelo azo akumthethosisekelo zithokozele nenkululeko yazo. Njengohulumeni sihlale siqinisekisa ukuthi amalungelo ezenhlalo-mnotho njengokubalula koMthethosisekelo, kuhlanganisa ilungelo lemfundo, ezempilo, ukunakekelwa nokondliwa, kuba iwona abekwa phambili ezinganeni.

- ENingizimu Afrika sithathe isinqumo sokuthi kuzomele kwamukelwe futhi kugqugquzelwe umphakathi ukuba uhambe ngezinyawo nangamabhayisekili esikhundleni sokusebenzisa izinto ezidumayo njengezimoto nokunye. Ukuvikeleka kwemvelo nokuvocavoca umzimba okwenzeka ngokusetshenziswa kwamabhayisekili kungaba imfundiso ebaluleke kakhulu ezinganeni zethu.

- Ngakolunye uhlangothi, sibhekene nesimo lapho uthola ukuthi imigwaqo yomasipala yakhiwe yabhekelela kakhulu abahamba ngezimoto. Lena kuseyinselelo okusamele omasipala bayilungise uma benza izinhlelo zezithuthi zomphakathi nengqalasizinda nasekuhleleni imigomo yokusetshenziswa komhlaba.

- Mangiphethe ngokuthi ngininxuse ukuba niwanakekele la mabhayisekili niqinisekise nokuthi aniqhuba isikhathi eside ngokwenele ukuthi enze izimpilo zenu zibe ngcono.

**NGIYABONGA**.